Downloaded from Stanmorephysics.com


**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa kahle le miyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Inoveli | (35) |
| ISIQEPHU B: | Umdlalo | (35) |
| ISIQEPHU C: | Izindaba ezimfishane | (35) |
| ISIQEPHU D: | Izinkondlo | (35) |

4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, kunoma yiziphi iziqephu ezimbili ezilandelayo (umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.)

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

   ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
   Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

   ISIQEPHU D: IZINKONDLO
   Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.

5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE ngokucophelela.

7. Bhala izinombolo kahle njengoba zibhaliwe kuleli phepha lemibuzo.

8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

9. Indlela yokuhlela isikhathi encomekayo:
   Sebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-75 esiqeshini ngasinye.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com


**OKUQUKETHWE:**

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

| IZINOMBOLO ZEMIBUZO | AMAMAKI | IKHASI |
|---|---|---|
| **ISIQEPHU A: INOVELI**<br><br>**Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.** | | |
| *1. Ithemba Lami* | 35 | 5 |
| *2. Kusinda Kwehlela Endodeni* | 35 | 8 |
| *3. Umshado* | 35 | 10 |
| **ISIQEPHU B: UMDLALO**<br><br>**Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.** | | |
| *4. Ababulali Benyathi* | 35 | 13 |
| *5. Icala Kaliboli* | 35 | 16 |
| *6. Isiko Nelungelo* | 35 | 19 |
| **ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE**<br><br>**Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihloliwe.** | | |
| *7.1* 'Inja Nengalo' | 18 | 22 |
| *7.2* 'Insimbi Edla Ezinye' | 17 | 23 |
| **ISIQEPHU D: IZINKONDLO**<br><br>**Phendula imibuzo YOMIBILI kulesi siqephu.** | | |
| 8.1 'Yobe Nsizw' 'Enye' | 17 | 25 |
| 8.2 'Kudla Fumuka Kudle Silaza' | 18 | 26 |

Downloaded from Stanmorephysics.com


**Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):**

| ISIQEPHU | IZINOMBOLO ZEMIBUZO | IMIBUZO EPHENDULIWE | THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE |
|---|---|---|---|
| **A: INOVELI** | 1–3 | 1 | |
| | **NOMA** | | |
| **B: UMDLALO** | 4–6 | 1 | |
| | **NOMA** | | |
| **C: IZINDABA EZIMFISHANE** | 7 | 1 | |
| | **NOMA** | | |
| **D: IZINKONDLO** | 8 | 1 | |

**QAPHELA:** Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela.

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU A: INOVELI

### UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA A

Washo wavele wabona ukuthi uyazethemba umfo kaMbeje lona. Wathi ukuntongela kancane entshenguleni yakhe, wayesethatha ethi: 'Ngifuna ukukukhombisa mfana wami ukuthi eyami imithi akusiyo eyalapha, iqhamuka ePutukezi kwaLomahasha ngiyixube nengiyilanda eMampondweni. Lesi sifo esikuphethe ubala kimina, nale ngculazi yabo abayishoyo mina ngisasho ngithi abayilethe lapha kimi **ngibakhombise amangwevu**.' Wayesagcina lona belu isiko lezinyanga lokuthi asikho isifo abangasazi.
'Ngaphambi kokuthi ngiqale-ke ndodana, kuzofanele ukhiphe ugxa lwami okuvame ukuba yimbuzi kodwa ungabona-ke noma uyenza ibe yimali yini. Ngokubona kwami lesi sifo sakho sizodinga imithi yangempela. Ngakho-ke kufanele wazi nawe ukuthi inkokhelo yami kuzoba yimali ebhekile.'
'Angikholwa baba ukuthi lokho kuyoba yinkinga, into eyinkinga ukuthi silwe nesifo sisinqobe, okwenkokhelo khona akuyona nencane inkinga.' 'Kusasa-ke mfana sizoqala ukukusebenza ngoba kuyabonakala ukuthi ukufa lokhu besekwakhele impela, nomzimba uyasho.'
Behlukana sebexoxe kabanzi, bethembisana ukuthi bayobonana ngomuso lapho kuyobe sekuqala wona umshikashika. USandanezwe wayesechazelwe konke nokuthi inkokhelo yokwelashwa nokuhlala uzoyikhokha kanjani. Lokho akuzange kube yinkinga ngoba noma ukufa kwase kumphundlile kodwa yona imadlana yayisekhona kwazise nemfuyo yayimchuma umfo lo. Wahamba wayolala umfo kaMkhumane ezizwa enethemba lokuthi cha ufike lapho ezosinda khona.

| | | |
|---|---|---|
| 1.1 | Ngubani isibongo sikaSandanezwe? | (1) |
| 1.2 | Chaza ukuthi yini eyayenza uSandanezwe abe nethemba lokuthi umfo kaMbeje wayezomelapha ekuguleni kwakhe. | (2) |
| 1.3 | Kungani uMbeje wayefuna inkokhelo ebhekile ngokwelapha uSandanezwe? | (2) |
| 1.4 | Nikeza igama lensizwa eyayibhekana nabafikayo emzini wakwaMbeje. | (1) |
| 1.5 | Fingqa ngamaphuzu AMABILI okwenzeka kulesi siqeshana kusuka emgqeni we-12 kuya kowe-17. | (2) |
| 1.6 | Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kuleli binzana elilandelayo njengoba sisetshenzisiwe kulesi siqeshana.<br><br>'… nale ngculazi yabo abayishoyo mina ngisasho ngithi abayilethe lapha kimi **ngibakhombise amangwevu**.' | (2) |
| 1.7 | Ukuba khona kukaZabalaza kule noveli kulukhulisa kanjani udweshu? Bhala amaphuzu AMABILI. | (2) |

Downloaded from Stanmorephysics.com


1.8 UZondiwe uvezwe njengomlingiswa onothando futhi omkhathalele umzala wakhe uSandanezwe kule noveli. Fakazela lokhu ngokubhekisa ezehlakalweni ezikule ndaba. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.9 Isingeniso sale noveli sihle. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.10 USebenzile ungumlingiswa omncane kule noveli. Sekela lokhu ngephuzu ELILODWA. (2)

1.11 Yini inhloso yombhali yokusibhalela le noveli? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

'Cha ngiyezwa Mbeje, ngingekuphikise okushoyo ngoba nawe ukuthatha kwabangasekho, ngizokwenza njengoba usho baba. Ngiyethemba abakithi abangasekho bazoyikhanyisa indlela.' La mazwi ayephuma ezwini elalizwakala ukuthi lidangele. Behlukana uNonkamfela esho ngenhliziyo ukuthi aphume nobomvu. Ngakusasa uSandanezwe nengoduso yakhe, amabombo bawasingisa kwelakubo ebaQulusini. Ngenkathi befika ekhaya wonke umuntu wethuka ukubona uSandanezwe ekhombisa ukungabi ngcono, isimo sakhe singesihle neze. Wabalandisa konke ngokwashiwo yinyanga. UMzulazula wakhombisa ukungeneliswa ukusebenza kwale nyanga kaSandanezwe, washaya phansi ngonyawo wathi eyakhe ingane ayiphindeli lapho. Wanquma ukuthi okungenani ayofela esibhedlela kunokuba abuyele enyangeni. Isalukazi esingunina naso sabhilita sithi, 'Akusasizi baba, njengoba esenjena nje abelungu bazovele bamchithe bathi ubengalethwa ngani kubo esaphila. Futhi-ke bangahle bambophe uma bethola ukuthi unjenje kanti weqa nasesibhedlela.'
'Pho manje uthi makwenziwenjani ngalo muntu uma enje ngoba ngeke ngivume ukumgcina lapha ekhaya enje?'
'Cha-ke okungenani sengingamane ngikhiphe amathodlana ami okugcina, ngizoke ngimyise kwenye inyanga yakwaMbuyisa abayikhomba ngapha kwaCeza.'
'Akusafanele leyo nto ilayezelwe, sekufanele kube yinto eyenziwa kusasa lokhu okusayo.'

1.12 Iyiphi inkinga ababhekana nayo abakwaMkhumane ngesikhathi uSandanezwe efika ekhaya emva kokuba uNonkamfela emyalele ukuthi akaphindele kubo? (2)

1.13 Yini eyenza uMzulazula anganeliswa ukusebenza kwale nyanga kaSandanezwe? (2)

1.14 Kungani isalukazi sisho la mazwi alandelayo?

'Akusasizi baba, njengoba esenjena nje abelungu bazovele bamchithe bathi ubengalethwa ngani kubo esaphila …' (2)

1.15 USandanezwe wakwazi ukulondoloza kahle imali ngesikhathi esasebenza ezitimeleni zamanzi. Sekela ngamaphuzu AMABILI. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


1.16 Kwakuyisenzo esihle yini ukuthi uSandanezwe athandane nezintombi eziningi ngesikhathi esasebenza ezitimeleni zamanzi eThekwini? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.17 Ngokubona kwakho yingani kungenabo ubuntu ukuthi izinyanga zisebenzise izitho/izicubu zabantu uma zelapha abagulayo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.18 Phawula ngekhono lombhali lokukhetha kahle isihloko sale noveli. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
**[35]**



Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI*–SJ Mchunu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA C**

Umi entabeni yedwa ulindele ingoduso yakhe uNtombi, uyacabanga. 'Omama bathanda ukwazi ukuthi uganwa nini. Okungidina kakhulu, ilo othanda ukukukhombisa intombi ethandwa uyena ukuthi igane mina. Kanti bona abazi yini ukuthi induku enhle igawulwa ezizweni na? Ho! Ngikhumbula ngiqala ukufika la kule ndawo yaseMvoti izinsizwa zisho ukungiqeda ngenduku. Kwakungadlalwa. Ngadlel'ogageni. Ngake ngavika kwavuthuka izandla, belapha abafokazi. Ukhona oyedwa ongeke angikhohlwe noma nini. Lo engavele ngaphuma naye iqhubu ngamshaya wakhalisa okwengane encane. Khona esebaleka, nabangakubo bathuka becabanga ukuthi uyahlanya kanti qha akunjalo, uzwa ubuhlungu. Kodwa nami angilalanga ubuhlungu zingitititinya izinsizwa. Engabe uzothini uNtombi namuhla? Sengicabange kahle, ngizovele ngimtshele nje ukuthi sengifuna ukuya kubo manje. Uma ebuza ukuthi ngiyokwenzani, impendulo ilula, ukuyocela ukuba abe umkami. Isona sikhathi sokumtshela lesi. Ngokwedlule ngabuye **ngangenwa itwetwe** ngabambeka nje ngangabe ngisakwazi ukukhuluma, ngasale sengiwuhlaba inhlali nje ngingaqondile. Namuhla elamanqamu, ngimfunge uMqhikiza kababa.' Yabe ukuqhamuka nje intokazi kaGatsheni, wasukuma wama ngezinyawo kwaphela konke ukucabanga ethatha ebeka kungekho mpendulo eshaya khona. 'Sawubona Gatsheni wami omuhle. Engabe ubugeza ngani, usuleke kanje?' Yasho ixhawula insizwa yaseMachunwini. 'Yebo Macingwane! Angigezanga ngalutho …'

2.1 Ngubani igama lengoduso elindwe nguManyoba ngokwalesi siqeshana? (1)

2.2 Chaza ukuthi yini eyayenza uManyoba adinwe lapho ecabanga ngomama abahlale bembuza ukuthi uganwa nini. (2)

2.3 Kungani uManyoba ayezobona ingoduso yakhe ngalolu suku? (2)

2.4 Nikeza igama lendodakazi kaManyoba. (1)

2.5 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okwenzeka kulesi siqeshana kusuka emgqeni we-10 kuya kowe-15. (2)

2.6 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kuleli binzana elilandelayo njengoba sisetshenzisiwe kulesi siqeshana.

Ngokwedlule ngabuye **ngangenwa itwetwe** ngabambeka nje ngangabe ngisakwazi ukukhuluma (2)

2.7 Ukuba khona kukaMaNene kule noveli kulukhulisa kanjani udweshu? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.8 Izinsizwa zangakubo kaManyoba zivezwe njengabantu abanothando futhi ababemkhathalele umkhaya wabo kule noveli. Fakazela lokhu ngokubhekisa ezehlakalweni ezikule ndaba. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.9 Isingeniso sale noveli sihle. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

Downloaded from Stanmorephysics.com


2.10 Induna uNgobese ingumlingiswa omncane kule noveli. Sekela lokhu ngephuzu ELILODWA. (2)

2.11 Yini inhloso yombhali yokusibhalela le noveli? Bhala amaphuzu AMABILI**.** (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA D**

Esasebenza uManyoba wahlangabezana nezingqinamba eziningana empilweni yakhe. Ngelinye ilanga eyogibela eya eMsinga, itekisi yagcwala phambi kwakhe, wabe sancenge ukuba isale isimncikisa angasali ezinsizweni zangakubo, kwabe uzithelela amanzi emhlane wedada. Kwadingeka ukuba alindele enye elandelayo itekisi. Isikhathi sase sihambile impela kungasekho ukuphindela ehositela. Wahlala elindele ukuthi kuzoba khona elinye itekisi kwaze kwaba sebusuku impela lingagcwali itekisi bebabili nje vo. Kwakunguyena nenye insizwa ayengayazi. Kwathi umshayeli wetekisi ebona ukuthi ayigcwali, wathi useyolala yena nabo abazibonele. Washo wasuka njalo. Akupholanga maseko besacabanga ukuthi bazokwenzenjani, zafika ezinye izinsizwa. Zababingelela ngenkulu inhlonipho le. Bavuma. Zababuza ukuthi bayaphi. Bathi baya eMsinga, manje itekisi abebezoligibela, alisagcwalanga. Umshayeli ubashiye wathi useyolala yena ngoba ngeke ahambe nemoto ingagcwele. Zase zithi lezi zinsizwa zingabasiza bona. Zathi abayogibela kuleya moto. Zabaphathisa izimpahla. Bagibela njalo yashishiliza nabo yaze yayofika lapho bengazi khona, yavele yama esikhaleni nje sikaNtombela zathi abehle. Kule ndawo akukho muzi, kusesigangeni nje. Sebemile, kwathiwa abakhiphe yonke imali abanayo. Baxakeka nje ukuthi kwenzekani. Zakhipha imimese emikhulu, zathi azisahleki zifuna imali nje kuphela. Uma bengayikhiphi, bazowukhomba umuzi onotshwala.

2.12 Iyiphi inkinga ababhekana nayo oManyoba nendoda ayehamba nayo emva kokuba umshayeli wetekisi eya eMsinga ekhetha ukungabe esahamba? (2)

2.13 Yini eyenza amadodana kaManyoba athathe isinqumo sokuhlalisa abazali babo ngokwehlukana? (2)

2.14 Kungani umshayeli esho la mazwi alandelayo?

'… useyolala yena, nabo oManyoba abazibonele …' (2)

2.15 Unkosikazi kaManyoba wayekhuthele. Sekela ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.16 Kwakuyisenzo esibi ukuthi uManyoba angayifundisi indodakazi yakhe. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.17 Ngokubona kwakho yingani kungenabo ubuntu ukuthi omakoti baphathe kabi omamezala njengoba kwakwenza uMaNene kuMaNdlovu? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.18 Phawula ngekhono lombhali lokukhetha kahle isihloko sale noveli. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA E**

'Niqhuba kanjani noTholi Bheki?'

'Angikaboni lutho olubi mngani wami.'

'Usuke wambona lo mngani wakhe womlungu?'

'Cha, Sifiso uyazazi izindaba. Wazi noPamella?'

'Ngiyamazi. Ukutshelile ukuthi usuke ezokwenzani kwaTholakele?'

'Hhayi, angazi. Kanti usuke ezokwenzani?'

'Uma unesikhathi Bheki akothi uma efikile lo mlungu ubavakashele. Uma uthanda ubalunguze nje ukuthi benzani.'

'Awungithi fahla kancane Sifiso.'

'Phela, ngeke ngixoxe ngezindaba zentombi yakho; wena yenza le nto engikutshela yona kuphela.'

Wathula uBheki manje. Kwafika kuye ukuthi cha, sengathi **uhlangene nezimbila zithutha** impela namuhla. Lo makoti wakhe kanti unjani? Washeshe wasuka eduze kukaSifiso wayozihlalela yedwa. Othisha abaningi baqala bambalekela manje. Abanye babekloloda bebhinqa igama likamfelokazi lingaphumi emilonyeni yabo. UBheki wayengasajabule kahle esikoleni.

Sathi uma siphuma isikole waqonda ekhaya. Wazilungisa kahle. Wakhumbula ukuqabulana kwabo noTholi begcinana endlini. Wezwa imizwa yakhe ihlukumezeka kanzima. Waziduduza ngokuthi namuhla kunamuhla. Uma befika nje endlini kuzosuka esinamathambo. Wayeqala ukuhalela umuntu wesifazane kanjeya. Uthe esacabanga lokho kwabuya iphupho lakhe. Lwamuthi heqe uvalo. Wazicwala waphuma.

Basheshe baficane noTholakele baqonda endlini. Bahamba nje babambene ngezandla. Bafika endlini.

3.1 Ngubani umngani kaTholakele okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana? (1)

3.2 Chaza kafushane ukuthi yini eyayenza uBhekani angabe esakujabulela ukusebenza esikoleni ayefundisa kuso. (2)

3.3 Kungani uTholakele wayegqoka izingubo ezimnyama nsuku zonke? (2)

3.4 Nikeza igama lensizwa eyayifuna ukungena uTholakele ngenkani. (1)

3.5 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okwenzeka kulesi siqeshana kusuka emgqeni we-10 kuya kowe-15. (2)

3.6 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kuleli binzana elilandelayo njengoba sisetshenzisiwe kulesi siqeshana.

Kwafika kuye ukuthi cha, sengathi **uhlangene nezimbila zithutha** impela namuhla. (2)

3.7 Ukuba khona kukaZenze kule noveli kulukhulisa kanjani udweshu? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


3.8 USifiso uvezwe njengomlingiswa onothando futhi omkhathalele umngane wakhe uBhekani kule noveli. Fakazela lokhu ngokubhekisa ezehlakalweni ezikule ndaba. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.9 Isingeniso sale noveli sihle. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.10 Unesi wasesibhedlela okwakulaliswe kuso uTholakele ungumlingiswa omncane kule noveli. Sekela lokhu ngephuzu ELILODWA. (2)

3.11 Yini inhloso yombhali yokusibhalela le noveli? Bhala amaphuzu AMABILI**.** (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA F**

Akhombise ukwethuka uSifiso ezwa le ndaba.
'Nihlangana kuphi?'
'Ingifice ngihamba noTholi.'
'Ayaze yakuxakazisa.'
'Lutho. Okungiphathe kabi nje ukuthi ithe ihamba noTholi yona manje, nami angihambe.'
'Wenzenjani?'
'Ngivele ngahamba ngaqonda ekhaya.'
'Uzisizile Bheki. Umqaphele lowo muntu uyingozi. Mina ngimazela khona le emakhaya. Uma efike la eNyawushane uhamba eselwe nenqwaba yabantu.'
Athule uBheki alalele le nkulumo kaSifiso. Ezwe eshaywa uvadlwana oluncane. Kuze kubuye kuqale yena futhi uSifiso ukukhuluma: 'Sebekukhokhele nje oTholi imali owabeboleka yona?'
'Cha, abakayikhokhi Sifiso.'
'Bakutshela ukuthi wayenzeni uZenze lowo eze eboshwa?'
'Abangitshelanga.'
'Yini ungazibuzi izinto lezi Bheki?'
Angaphenduli uBheki. Asuke amshiye kanjalo uSifiso ahambe. Siphume isikole. Abikelwe uBheki ukuthi sekufanele ayobhekana nomalume wakhe. Nempela sithi uma siphuma isikole aqonde ekhaya.
'Mfana, ngiyahamba kusasa. Sesike sayikhuluma le ndaba yakho nonyoko, ilukhunyana.' Athule uBheki angaphenduli. Acabange umalume wakhe ukuthi konje angamkhombisa kanjani umalume wakhe ukuthi **ubambo** lwakhe uTholi.
'Uyabazi abazali bale ntokazi ofuna ukushada nayo?'
'Angibazi.'
'Kuzofuneka sibabone-ke ndodana. Singeke savuma ushade nengane esingazi ukuthi izalwa abantu abanjani. Ngokufunda, ihambe kangakanani le ntokazi?'

3.12 Iyiphi inkinga abhekana nayo uBhekani ngesikhathi exoxa nomalume wakhe? (2)

3.13 Yini eyenza umama kaBhekani angathandi ukuthi indodana yakhe ishade noTholakele? (2)

3.14 Kungani uSifiso esho la mazwi alandelayo?

'Yini ungazibuzi izinto lezi Bheki?' (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


3.15 ENyawushane kwakukhona ubugebengu. Sekela ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.16 Kwakuyisenzo esihle yini ukuthi umalume kaBhekani angavumi ukuyomela umshana wakhe ezingxoxweni zelobolo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.17 Ngokubona kwakho yingani kungenabo ubuntu ukuthi umfelokazi osazilile aqome futhi ahambe nabesilisa abehlukahlukene? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.18 Phawula ngekhono lombhali lokukhetha kahle isihloko sale noveli. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU B: UMDLALO

### UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA G

DLAMINI: … Emva kwalokho uyophenduka isithunzi sona esinomnyakazo kodwa ongenamsebenzi. Ndabezitha goloza okokugcina aze ashaye umthetho ophusile, lo Hulumeni ngamandla enu. Angiphikisani nenkosi yami kodwa ngizama ukuyiqwashisa. Thina siyabuthanda ubukhosi bethu bendabuko. Kanti thina ma-Afrika siyosala nani okungeyethu? Okokuqala nje mina njengenduna ngingawenza lo msebenzi okuthiwa ufanele ikhansela.

SHANDU: Cha, nduna yami, yize noma ngingeze ngilinge ngilimise ngesihloko elokuthi ngiyakuphikisa, nami kodwa angifuni **ukuphuma iqhubu**. Angifuni ukubonakala njengenkosi elwa nemithetho kaHulumeni, yize kunjalo kodwa inhlonipho ngiyayidinga odabeni lwenduna eyenza umsebenzi wekhansela, angiboni bengakuvuma lokho osopolitiki ngoba bathi intando yeningi ilungelana nabaholi abavoteliwe. *(ahleke)* He! He! Wena-ke wavotelwa ngubani?

DLAMINI: *(Asineke ubala)* Ndabezitha angivoteliwe kodwa ngakhethwa nguwe. Angithi inkosi ingubaba wesizwe. Ubaba uyazikhethela izingane zakhe lokho abona kukuhle. Uma uNdabezitha eseshilo lelo lizwi lingephikiswe. Nginamanga Ndabezitha?

SHANDU: *(Anikine ikhanda, abuye ahebeze nangezandla)* Lutho Dlamini, akunjalo kule ndlela yokubusa kwanamuhla. Intando yeningi ayikuvumi lokho. Kepha ithi wonke umuntu unelungelo lakhe lokuzikhethela. Phela sehlulwa Dlamini. AbaMhlophe basehlula maqede basigxingxa ngokwabo yikho kunalokhu kungqubuzana kwemibono. I-Afrika ixakekile izama ukuhlanganisa okungahlangani.

DLAMINI: Ngempela ngamanzi namafutha! Bona nje kwakufanele baqale ngokuqeda ubukhosi kuqala.

4.1 Ngubani othi uthanda ubukhosi bendabuko kulesi siqeshana? (1)

4.2 Ngokwalesi siqeshana yini eyayizokwenziwa nguDlamini emzini wenkosi uShandu? (1)

4.3 Bhala izizathu EZIMBILI ezenza kube nezinkinga e-Afrika ngokwalesi siqeshana. (2)

4.4 Yini eyenza inkosi uShandu ibone kungeke kulunge ukuthi uDlamini enze umsebenzi wekhansela? (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


4.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile sisho:

'... nami kodwa angifuni **ukuphuma iqhubu**.'

A Ukwehluka
B Ukwehlulwa
C Ukulwa
D Ukuzondwa (1)

4.6 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 4.6.1 UMazongolo | A uyikhansela |
| 4.6.2 UDlamini | B wafunda oHlange |
| 4.6.3 UMchunu | C ungumfundisi |
| 4.6.4 UFohloza | D induna yenkosi |
| 4.6.5 UMaShezi | E unogada wenkosi |

(5 x 1) (5)

4.7 Kwabe kuyini inhloso kaDuma ayefisa yenzeke ngendawo yakubo? (2)

4.8 Yini umsebenzi wemiyalelo yokwenzeka enkundleni kulesi siqeshana? Sekela ngokubhala isibonelo ESISODWA. (2)

4.9 Ngabe yaxazululeka yini inkinga phakathi kukaDuma nenkosi uShandu kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

4.10 Ngokucabanga kwakho yini okwakumele yenziwe uHulumeni waseKhaya ukugwema isimo sokungaboni ngaso linye phakathi kwenkosi nekhansela kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQESHANA H**

| | |
|---|---|
| MASHEZI: | … Ngempela kunesikhathi eside ngizama ukumbonisa ngokuthathisa enkosini ngaphambi kokwenza noma ngabe yini ngoba lena yindawo yenkosi. Okubi kakhulu ngukuthi umabhalane wakhe naye uxegelwa yikhanda. |
| MANGEMA: | Isenzo sakho nendlela ocabanga ngayo kuyangiphoqa ukuthi ngisho ngithi ungomunye wabafazi abangalakha leli zwe. Eqinisweni inkani namagqubu akubuyiseli muntu. Kunalokho kwandisa amathuna nezililo ezingenasidingo. (*athule kancane*) Uyazi, angazi ukuthi uDuma wabonani kule mpohlo yakwaMbandlwa. |
| MASHEZI: | Phela selokhu bezwana ngalesiya sikhathi bengabaholi beneqeqebana labantu ababegqugquzela umzabalazo. (*athule kancane*) Lokho-ke kwadlula yize kwadlula nemiphefumulo eminingi. Emva kwalokho kwathelelwana amanzi. Kanti yini ukuthelelana amanzi uma kanti bona bengazimisele ngokuthula? Ngiyamthanda umyeni wami. Angifuni afe. Yikho ngize lapha kuwe. Okunye ngukuthi mina ngiyabona futhi ngiyezwa ukuthi abantu benkosi sebeyaxokozela. Abaningi bayamsola uDuma. Ndlunkulu mina angifuni ukubona engake ngakubona endaweni yakomalume ngiseyingane. |
| MANGEMA: | Nami ngokunjalo MaShezi. Uyabona, inkosi le engiyiganile, ayimzondi uDuma kodwa izonda isenzo sakhe. Ngempela uDuma akayihloniphi inkosi. Nathi siyasola ukuthi uDuma okusho ukuthi usabambelele kokudala. Uyakhohlwa ngukuthi sesakha kabusha manje. Bheka nje ngoba induna inecala ebhekene nalo ngenxa yakhe uDuma. Mina bengithukuthele kabi sonke lesi sikhathi. |

4.11 Yikuphi kulesi siqeshana okufakazela ukuthi uMbandlwa ungumlingiswa/umdlali ongakuthandi ukuthula? (2)

4.12 Yini umphumela wokubamba amagqubu ngokwalesi siqeshana? (1)

4.13 Ngubani umlingiswa ongummeleli kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

4.14 Esinye isifundo esisithola ngokufunda lo mdlalo sithi abangabukelwa phansi abantu besifazane. Sekela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)

4.15 Bhala imisebenzi EMIBILI yenkulumompendulwano encwadini engumdlalo. (2)

4.16 Induna uDlamini yazifaka yona ezinkingeni eyazithola isikuzo? Uthini umbono wakho ngalesi sitatimende? Sekela ngamaphuzu AMABILI. (2)

4.17 Ukuba wawunikwe ithuba lokusebenza njengenduna yenkosi uShandu, yiziphi izinto EZINTATHU owawungazenza ngendlela eyehlukile? (3)

**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA I**

*(USonto uhleli kwakhe, ucabanga ngosizi emva kokuzwa ngokululama kukaMfundisi. Imicabango yakhe isiphazanyiswa ukungena kukaMbhele endlini.)*

MBHELE: *(Ememeza)* Sonto, Sonto ukhona yini?
SONTO: Yebo ngikhona Mbhele.
MBHELE: Kanti awuyanga yini ukuyolanda uMfundisi esibhedlela?
SONTO: Cha, angibange ngisahamba.
MBHELE: Yini indaba?
SONTO: Bese sibaningi kakhulu, ekubeni itekisi ibiyodwa. Kwenzenjani, wahlahla amehlo?
MBHELE: Ngiqeda ukukhuluma noMaNsibande nababuya esibhedlela.
SONTO: (*Ngokuthuka*) Batheni?
MBHELE: UMaNsibande ungitshele ukuthi bathole uMfundisi eseshonile.
SONTO: Ini?
MBHELE: Usho njalo impela.
SONTO: Kanjani? Ingani ubeseluleme eseyolandwa?
MBHELE: UMaNsibande namalungu ebandla bebedabuke kabi.
SONTO: (*Ngokukhululeka*) UNkulunkulu uhlela ngendlela yakhe.
MBHELE: Indaba kaMfundisi yaxaka nje iqala.
SONTO: Uphumule uMfundisi.
MBHELE: Hhayi, kunzima nokho ukuyikholwa le ndaba. (*Ebuka iwashi*) Cha, ake ngibaleke, bengedlula ngithi **angikulunguze** nje ngoba indlela eya edolobheni idlula ngapha.
SONTO: (*Emoyizela*) Kanti ubungedluliswa yinkumbulo?
MBHELE: Bengedluliswa yiyona.
SONTO: Pho kawusangiqabuli nakancane nje ukuze ngikholwe ngempela?
MBHELE: (*Esondeza izindebe*.) Bengilindele wena ukuthi ungiqabule kuqala. (*Babambane baqabulane. Abuye avalelise uMbhele. Asale uSonto. Kuyabonakala nje ukuthi ujabule. Bese ephazanyiswa ukungqongqoza.)*
SONTO: Ngena!
MTHOFI: (*Kungene uMthofi. Kuthi akazibulale uSonto.)*Hawu, wadinwa wangibuka kabi nje uma ngingena?
SONTO: Kufanele ngabe ngenzenjani?
MTHOFI: Kufanele ngabe uyangibingelela, hhayi ukungibuka sengathi ubona inja nje ezokubangela isicefe.
SONTO: Vele uyinja nje.

5.1 Ngubani owatshela uMbhele ukuthi bathola uMfundisi eseshonile? (1)

5.2 Ngokwalesi siqeshana yini eyayizokwenziwa nguMbhele emzini wakhe? (1)

5.3 Bhala izizathu EZIMBILI ezenza uSonto waphelelwa ukujabula kulesi siqeshana. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


5.4 Yini eyayenza uSonto angayi ukuyohlangabeza uMfundisi esibhedlela ngalolu suku? (2)

5.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Igama elibhalwe ngokugqamile lisho:

'... bengedlula ngithi **angikulunguze** ...'

A Ukudlula athathe okuthile
B Ukudlula aphuze itiye
C Ukudlula ambone kancane
D Ukudlula kwakhe adle (1)

5.6 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 5.6.1 UMaNtuli | A usekomidini lesonto |
| 5.6.2 UMaNsibande | B usebenza ebhange |
| 5.6.3 UNtanzi | C wabulawa uSonto |
| 5.6.4 UMthofi | D ugade isiguli esibhedlela |
| 5.6.5 UNhleko | E uneminyaka eyi-15 ejele |

(5 x 1) (5)

5.7 Kwabe kuyini inhloso kaSonto yokusondeza uMthofi kuyena? (2)

5.8 Yini umsebenzi wemiyalelo yokwenzeka enkundleni kulesi siqeshana? Sekela ngokubhala isibonelo ESISODWA. (2)

5.9 Ngabe yaxazululeka yini inkinga phakathi kukaSonto noMthofi kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

5.10 Ngokucabanga kwakho yini okumele yenziwe uHulumeni kaZwelonke ukugwema/ukunciphisa ubugebengu obufana nalobu obenziwa nguSonto noMthofi kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQESHANA J**

| | |
|---|---|
| MBHELE: | Mh, ngiyezwa. Kodwa awu, kengithole okukodwa nje! |
| NTSHANGASE: | Yeka phansi yonke le nto. Mina ngicabanga ukuthi okufanele sikwenze ngukuthi siqhamuke nendlela ezosebenzela thina. |
| MBHELE: | Ngilalele ... |
| DLAMINI: | Hhayi bafana, kayizukulunga le nto yenu. |
| NTSHANGASE: | *(Emangele)* Kayizukulunga? |
| DLAMINI: | Impela. Le ndlela eniyishoyo idinga ukuhlalelwa phansi, hhayi ukudingidwa nicashe ngamafasitela njengoba nenzile nje. Kusengenzeka kufike umuntu lapha kwami, bese niyaphazamiseka. Kokunye anibone. Bese nithi nanicashe ekuseni kangaka kwami kwakwenzenjani? |
| MBHELE: | Cha, uqinisile Sibalukhulu. |
| DLAMINI: | Ehhe, kunjalo nje. Uma ningabhekile umkakho uzothola ekuseni nje ukuthi nimbonile engenisa abantu kwakho bese eshintsha into ebesehlele ukuyenza. Nibe yini-ke nina. |
| NTSHANGASE: | Eyi, wangethusa manje Sibalukhulu. *(Edonsa uMbhele.)* Cha, kasibaleke, sizoluqedela kahle emini lolu daba, sesike salucabangisisa saphinde saluxoxa. Wena fika ehhovisi sizoxoxa. |
| MBHELE: | Ngizokwenze njalo. *(Ebuka uDlamini.)* Sibonge kakhulu Sibalukhulu, usale kahle. |
| DLAMINI: | Nihambe kahle. Nami ngizosala kahle. Okuhluphayo ngukuthi le nkohlakalo ekade siyibuka isivese ... |
| MBHELE: | *(Ehleka)* Ngiyabona, isivese yakwenza waqaleka. |
| DLAMINI: | Impela, uma ngingathola intwana encane nje yokupholisa ikhanda. |
| NTSHANGASE: | *(Emnika imali eyiphepha.)* Kube yinto encane ngempela-ke Sibalukhulu. Kasifuni ukuthi uphuze kakhulu utshwala bese uphunyuka uxoxele izwe lonke ukuthi ... |
| DLAMINI: | Hhayi khululeka ndodana, ngeke kwenzeke lokho. *(Bavalelisane, bahlukane.)* |

5.11 Yikuphi kulesi siqeshana okufakazela ukuthi uDlamini ungumlingiswa/umdlali oyithandayo imali? (2)

5.12 Kwaba namphumela muni kuSonto ukuthi uDlamini ambikele uMbhele ngenkohlakalo eyenzeka kwakhe ngokwalesi siqeshana? (1)

5.13 Ngubani umlingiswa ongummeleli kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

5.14 Esinye isifundo esisithola ngokufunda lo mdlalo sithi akukho qili lazikhotha emhlane. Sekela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)

5.15 Bhala imisebenzi EMIBILI yenkulumompendulwano encwadini engumdlalo. (2)

5.16 UMbhele wazifaka yena ezinkingeni azithola esekuzo. Uthini umbono wakho ngalesi sitatimende? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

5.17 Ukuba wawunikwe ithuba lokuba nguMbhele, yiziphi izinto EZINTATHU owawungazenza ngendlela eyehlukile? (3)

**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA K**

| | |
|---|---|
| MAMBATHA: | *(Ahwaqe)* Pho akukho muntu yini lapha ekhaya? Awusiboni thina? Abakini abathi ubobuya uma kushone indoda yakho? |
| THENJIWE: | Ngiyaxolisa mama uma ngenze iphutha. Eqinisweni isicelo nje lesi ebengisenza. |
| MAMBATHA: | Uyabona njengoba wakhishwa kini kwabikwa emadlozini nje, akuselula ukuthi ubuye ubuyele kini. Uyothi uyaqhamuka bathi abamfuni umuntu obuye emendweni. Wena awusenayo indawo kini. |
| THENJIWE: | Nabo phela ngiyobachazela ukuthi ngibuyiswe yini. Abangixoshanga futhi mina ekhaya. |
| MAMBATHA: | Wena uhlushwa ukungazi. Noma bengakuxoshanga kodwa amasiko enziwa uvaleliswa ayekuxosha kini. |
| THENJIWE: | Kuzofuneka ke ngithi qu ngasekhaya ngizwe uvo lwabo. |
| MAMBATHA: | Awuyi lapho! *(Ahwaqe)* Sikuchazele ukuthi nangu uDumisani uzobamba isikhundla sikamfowabo. |
| THENJIWE: | Nazi kanjani ukuthi uzongithanda? |
| MAMBATHA: | Akukhulunywa indaba kamathandana nokungathandani lapha. Ngikhuluma ngesiko elaziwa kini nalapha ekhaya. |
| THENJIWE: | Nifuna ngihlekwe abantu? Aniboni ngani ukuthi abantu bazothi anginasimilo. Abantu bazothi kusho ukuthi ngangimthanda uDumisani ngisho esekhona uSikhumbuzo. |
| MAMBATHA: | Khuluma ngomndeni wakini nowalapha ekhaya, hhayi abanye abantu. |
| THENJIWE: | Ngiyahamba mina angimfuni uDumisani. *(Akhale)* |
| MAMBATHA: | Kahle ukutetema wena. Lalela ngikuchazele ngesiko uma ungalazi. |
| THENJIWE: | Okokuqala nje uDumisani ingane encane kabi. |
| MAMBATHA: | Khohlwa yilokho yithi esizokhuluma noDumisani. |
| THENJIWE: | Anginalo nje uthando lomunye umuntu mina. Ngingamane **ngiduke nezwe** okungcono. *(Akhale)* |
| MAMBATHA: | Musa ukukhala bo! |

6.1 Ngubani igama lendoda kaThenjiwe eyashona? (1)

6.2 Ngokwalesi siqeshana yini eyayicelwa nguThenjiwe kwabasemzini wakhe? (1)

6.3 Bhala izizathu EZIMBILI ezenza uThenjiwe angabe esakwazi ukuphindela ekhaya kubo emva kokushonelwa yindoda ngokwalesi siqeshana. (2)

6.4 Yini eyenza uMaMbatha athi kuThenjiwe waxoshwa kubo? (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


6.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho sisho:

'Ngingamane **ngiduke nezwe** okungcono.'

A Ukuya ezitolo
B Ukugana esithenjini
C Ukuvuma ukungenwa
D Ukuhamba ungaziwa (1)

6.6 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 6.6.1 UMondise | A wabhalela uThenjiwe incwadi |
| 6.6.2 USipho | B uyise wamxoshela ukukhuluma izindaba |
| 6.6.3 UNondumiso | C ufuna ukufunda ukuthunga |
| 6.6.4 Ugogo kaNondumiso | D usaba ukubuyisela izinkomo emuva |
| 6.6.5 UMaMbatha | E ufuna ukukhuluma noThenjiwe |

(5 x 1) (5)

6.7 Kwabe kuyini inhloso kaDumisani ngempilo yakhe ngemuva kokushona komfowabo? (2)

6.8 Yini umsebenzi wemiyalelo yokwenzeka enkundleni kulesi siqeshana? Sekela ngokubhala isibonelo ESISODWA. (2)

6.9 Ngabe yaxazululeka yini inkinga yomndeni wakwaZungu yokufisa ukuba uThenjiwe angenwe uDumisani kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

6.10 Ngokucabanga kwakho yini okumele yenziwe uHulumeni kaZwelonke ukugwema isimo sokungaboni ngaso linye phakathi kwabasemzini nomakoti ongumfelokazi mayelana nesiko lokungenwa njengoba kwenzeka kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQESHANA L**

MAMBATHA: ... Phela ngikubone kahle nje uxoxa nomakoti. Kusobala ukuthi ibimkitaza le nto obuyisho ngize ngambona ehleka kakhulu.

ZUNGU: Chazela umfana kahle MaMbatha. Yini indaba enkulu kangaka uvele uyigubhuze nje wena.

DUMISANI: Iyiphi leyo ndaba baba?

MAMBATHA: Wena Manzini usakhuluma sengathi indaba entsha lena? Useqalile phela umfana. Kanti awumbonanga yini exoxa nentokazi laphaya *(akhombe)*.

DUMISANI: Kanti usho umakoti kaSikhumbuzo, umfowethu? Cha bengifuna ukwazi nje ukuthi uhlezi kanjani lapha ekhaya?

MAMBATHA: *(Ecasuka)* kanti lo muzi sekungowakho yini? Uyeka into okufanele ngabe uyayenza, uzobangisa uyihlo. OkaManzini lo muzi. Uyena kuphela ongakhuluma ngenhlalo yabantu.

DUMISANI: *(Exakekile)* Ngiyaxolisa mama uma ngonile. Iyiphi le nto othi kufanele ngabe ngiyayenza?

ZUNGU: Musa ukuthatha ngamawala nkosikazi. Mfana lalela kahle. Umakoti ufuna ukubuyela ekhaya manje. Uma kungenzeka into enjalo abaphansi bangahlala phezu kwethu. Kufanele sizame ukulwa nalesi simo.

DUMISANI: Angiboni ukuthi kufanele simenqabele uma efuna ukuhamba. Umfowethu owamletha lapha phela akasekho. Umakoti, futh ...

MAMBATHA: *(Ngolaka)* Thula. Kanti bengithi ukhuluma into esile nje nale ngane ubuhhema. Bengithi sizele insizwa kanti uthothwane. Lingathini izwe uma umakoti ehamba lapha ukhona? Ufuna sihlekwe abantu?

ZUNGU: Kahle ngolaka MaMbatha. Mina ngibona sengathi akayazi le nto esikhuluma ngayo umfana. Asimchazele kahle kuqala.

6.11 Yikuphi kulesi siqeshana okufakazela ukuthi uZungu ungumlingiswa/umdlali onesineke sokwenza izinto? (2)

6.12 Kwakuzoba namuphi umphumela ukuvumela uThenjiwe ukuthi aphindele kubo ngokwalesi siqeshana? (1)

6.13 Ngubani umlingiswa ongummeleli kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

6.14 Esinye isifundo esisithola ngokufunda lo mdlalo sithi kubalulekile ukulalela abantu uma bekubonisa. Sekela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)

6.15 Bhala imisebenzi EMIBILI yenkulumompendulwano encwadini engumdlalo. (2)

6.16 USipho wazifaka yena ezinkingeni azithola esekuzo. Uthini umbono wakho ngalesi sitatimende? Sekela ngamaphuzu AMABILI. (2)

6.17 Ukuba wawunikwe ithuba lokuba nguMaMbatha, yiziphi izinto EZINTATHU owawungazenza ngendlela eyehlukile? (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

Kulesi siqephu, imibuzo ibuzwe kulezi zindaba ezimfushane ezilandelayo:

- 'Inja Nengalo' ebhalwe ngu-NAP Khumalo
- 'Insimbi Edla Ezinye' ebhalwe ngu-MJ Mngadi

## UMBUZO 7: '*IZINYEMBEZI ZOTHANDO*' – DBZ Ntuli

Funda lezi ziqeshana ezilandelayo ezitonyulwe ezindabeni ezimfishane ezimbili bese uphendula imibuzo ehlelwe esiqeshini ngasinye. Inani lamamaki elabelwe umbuzo ngamunye ungalisebenzisa njengomhlahlandlela wobude bempendulo.

**QAPHELA:** Phendula imibuzo ehlelwe kuzona zombili iziqeshana, okungukuthi UMBUZO 7.1 NOMBUZO 7.2.

### 7.1 'INJA NENGALO' – NAP Khumalo

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA M**

'Hawu! Kahle Bhekani! Ngizokosela oyihlo, ngosele nebhungu nje elingangawe, ngizikhwehlelela nokuzikhwehlelela, ngiboshiwe ngisejele yini?' 'Wo! Ho-ho! Sengathi izinkomo zikababa zizomuka nomfula lapha kuwe. Sengizozithathela nangu u-anti Grace. Yena uzothile.' 'Ngadla mina! Phela ingwe idla ngamabala,' sekusho yena uGrace wansondo elinganisa ukusina ehlezi. Waqhobonyeka omdala egabisa.
Nempela inyama kaBhekani ize ivuthwe. Ashaye amaqatha omdala. Aphe noNtombise amaqashana, nakhu futhi phela umbambisile esabenga. Alandule uNtombise. 'Thina sidla nakhu okuphambili,' esho ekhomba utshwala, 'Dlana wena inyama yakho leyo, mthandi wenyama.' Asho adumele isigubhu uNtombise aphuze.
Athulathule uBhekani, ezwakale esethi, 'Asidle phela mngane wami, kodwa ngingadla kanjani nje ngikuncishe?' esho etshekise ikhanda sakumncenga uNtombise.
'Habe! Yimihlola yini? Ngakhuluma nengane into eyodwa kwaze kwashona ilanga? Ngiyalingwa, ngisehlane yini?' nguNtombise loyo.
Azidlele yedwa-ke uBhekani. Udla nje uyayigxeka le nyama, abuye ababaze namanye amaqatha ukuba lukhuni. Pho usanakwe ngubani, esethengile nje wakhokha?
Kuthe kusenjalo, kungazelele muntu, lawa ibhayisikili likaBhekani, khelekehle! Ujeke waqhasha wabheka le. Nekani lalala ngomhlubulo, isivadlwana salo savuleka nge, kwachitheka ubisi kwanjeyaya …

7.1.1 Ngubani igama lo mlingiswa owosa inyama kulesi siqeshana? (1)

7.1.2 Bhala isizathu sikaJoana/sikaStofu sokuthenga ubisi ngalolu suku. (2)

7.1.3 Yini eyabe yenza ukuthi amaqatha enyama eyayosiwa nguBhekani abe lukhuni? (2)

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

Downloaded from Stanmorephysics.com


7.1.4 Umbhali uphumelele ukugcina umgomo wenani labalingiswa kule ndaba. Sekela impendulo yakho. (2)

7.1.5 Uvezwe njengomlingiswa onjani uJoana? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

7.1.6 Chaza ngemiphumela emibi yokudlisa umuntu osuke ushade naye. Bhala amaphuzu AMABILI ubhekise endabeni. (2)

7.1.7 Xoxa ngokuqoqeka kwendawo okwenzeka kuyo le ndaba. (2)

7.1.8 Ngokubhekisa empilweni kaJoana noGrace, uthini umbono wakho ngokubaluleka kwemfundo kumuntu? (2)

7.1.9 Ukuba wawunikwe ithuba lokweluleka abadayisi baseMpithi, wawungathini? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

Stanmorephysics.com

**KANYE**

7.2 **'INSIMBI EDLA EZINYE'– MJ Mngadi**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA N**

Wayeqinisile lapho. UMaSangweni wayesazifundisa izingane zakhe, zagana, zaganwa, zayozihlalela emizini yazo eBhiyafu, eMbilo nasekuthizathizeni. Ngokuzikhethela ukufela emzini wabo nomyeni, enqabe ukuyothenga umuzi ezindaweni ezazikade zaziwa ngokuthi zazingezasesilungwini kuphela, abantabakhe nabantababo babemshiye yedwana. Okwakukhalisa u-Andile kakhulu ukuba angabe esahlaliswa nangane pho! Wayebuye abathethelele futhi lapho esekhumbula ukuthi kambe nentokazi eyayisebenza lapha ekhaya izigilamkhuba zaziyibambile zayihlohla izindwangu emlonyeni, zayibhandisha umlomo, zase ziyigiga ziyoyivalela endlini yangasese lapho eyayifunyanwe khona selidume ledlula. Kumanje nje, yayilokhu ithi shalu, amehlo ayethake ukujabha, ukukhathala nokunengwa ilokhu iwanamathelisa njalo ensizweni yejakhethe. Dukuduku kuzwakale amazwi abebecula sakukhathala lapho kungena ozolila.
'Okunye futhi engibona ukuthi kuzonixabanisa nale nsizwa yakwaMkhondo, uDukuza, yile njwayezi osuzejwayeze yona ngesikhashana nje izethulile kuwe.'
'Yiyiphi-ke leyo njwayezi, Cebo?'
'Lo mkhuba wokuthi sonke isikhathi uma ukhuluma ngezigebengu ulinganise ngayo. Phathaphatha,' 'Ake ngithi nguwe isigebengu.'
Sengathi uDukuza wayezwile, wababuka wabahlahlela ngeso. Insizwa ndini lena yayitheleke besanda kulandwa o-Andile noCebo emini yasekuseni. Yayifike iphuphuma ukuzethemba, yazethula nakubona ngokuthi yayiwuDukuza Mkhondo owayengumshushisi womshuwalense owawuzokhokha izizumbulu ngokushona kukaMaSangweni.

Downloaded from Stanmorephysics.com


7.2.1 Yini eyayenza ukuthi uMaSangweni angahlali nezingane zakhe? (1)

7.2.2 Yiziphi izindawo EZIMBILI okwakuhlala kuzo izingane zikaMaSangweni ngokwalesi siqeshana? (2)

7.2.3 Tomula ibinzana lamagama asitshela ukuthi u-Andile wayephatheka kabi ngesenzo sokuhlaliswa kukamama wekhaya yedwa. (2)

7.2.4 Chaza ukuthi kwakwenzekeni kuleli khaya ngalolu suku. (2)

7.2.5 Yikuphi okungafani phakathi komsebenzi owenziwa u-Andile nomsebenzi owenziwa uCebo? (2)

7.2.6 Indikimba yale ndaba **ubugebengu.** Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

7.2.7 Isiphetho sale ndaba sihle. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

7.2.8 Bhala isigameko ESISODWA le ndaba enamathela kuso kusukela ekuqaleni kuze kuyofika ekugcineni. (2)

7.2.9 Uyazwelana yini nomlingiswa onguDukuza kule ndaba? Sekela impendulo ngamaphuzu AMABILI. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 8.1 NOMBUZO 8.2.

**UMBUZO 8**

8.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**YOBE NSIZW' ENYE – TB Qwabe**

Bese uzishaye zaphelela,
Usuzowakha umuzi kayihlo.

Esibayeni sakho esichichimayo,
Uzishaye zonke ngemibala yazo,
Kwasala ezinye zisiqhumisa,
Lokhu zigcwele ziyagwazana,
Zigcwele njengothando lwakho ngaye.

Njengoba wamkhetha wamehlula ngamazwi wavuma,
NoSiyafa isoka lamanyala elingehlulwa,
Limvimbezele ngengcwenga yamazwi wavuma,
Wabopha umphefumulo kuphela wemuka,
Lwaliphumela kuqala udwendwe,
Wena usakhomba izinsuku ezizayo,
Ezizofika zingasafumbethe lutho ngezandla zazo.

8.1.1 Tomula umugqa okhombisa ukuthi lo okukhulunywa ngaye ubesekhokhe ilobolo waliqeda. (1)

8.1.2 Fingqa umqondo osobala oqukethwe isitanza sesi-2 ngamaphuzu AMABILI. (2)

8.1.3 Imbongi iqonde ukuthini uma ithi, 'Njengoba wamkhetha wamehlula ngamazwi wavuma'. (2)

8.1.4 Chaza okufanayo phakathi kwale migqa elandelayo:
Esibayeni sakho esichichimayo,
Lokhu zigcwele ziyagwazana, (2)

8.1.5 Tomula igama elisho umshado elitholakala kule nkondlo. (1)

8.1.6 Hlobo luni lwesifenqo olutholakala emgqeni wesi-7? (2)

8.1.7 Ngokwenkondlo ngubani uSiyafa isoka lamanyala okukhulunywa ngalo estanzeni sesi-3? Sekela impendulo yakho. (2)

8.1.8 Fingqa okushiwo yimbongi ngokucashile emigqeni elandelayo:
Wena usakhomba izinsuku ezizayo,
Ezizofika zingasafumbethe lutho ngezandla zazo. (2)

8.1.9 Uyazwelana yini nale nsizwa imbongi ekhuluma ngayo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com


8.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**KUDLA FUMUKA KUDLE SILAZA – FF Mbatha**

Sinizwa kahle zikhulumi,
Nithi asesule izinyembezi ezigelezayo,
Sikushaye indiva ukubalisa kwenhliziyo,
Sikholwe singakholwa yiqiniso –
Umfowethu **uselifulathele elakwamhlaba**.

Siyanizwa zikhulumi,
Nithi asigwiny' itshe singemifula,
Silalel' usizi lusijijimeza,
Lusijijimeza ngemicibisholo,
Ngemicibisholo yezinhlungu.

Bekufanele yini
Ukufa kumakhel' uzungu,
Kancane kancane kumcathamela,
Kumcathamele kumholele ophathe
Engazelele kumbhozomele kumjuqe?

Bekufanele yini
Ukufa kusine kuzibethele,
Iminjunju idlale ngaye
Izinhlungu zichachaze kuye.
Ubuhlungu bube buhlungu kabuhlungu?

Bekufanele yini
Impophoma yezinyembezi igobhoze,
Ithantala lezinyembezi ligeleze,
Ligeleze njalo lemuke nempilo,
Impilo okungukuphela kwayo?
Bekufanele yini
Injabulo nezifiso kungafezeki,
Ukufa kumhlwithe ngesidlozana?
Kufa awunanembeza,
Ngokudla fumuka udle silaza.

Siyanizwa baduduzi,
Nith' asigwiny' itshe sixole.
Nithi lena **yingoma mtshelekwana,**
Akukhethi bala nanyaka,
Kudla fumuka kudle silaza.

8.2.1 Yini indikimba yale nkondlo? (1)

8.2.2 Tomula imigqa enemvumelwano esitanzeni soku-1 bese udwebela amalunga noma imisindo evumelanayo. Shono uhlobo lwemvumelwano. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


8.2.3 Khipha ifanangwaqa elitholakala emgqeni wama-20. (2)

8.2.4 Bhala umugqa oyimpindwa kule nkondlo. (2)

8.2.5 Hlobo luni lwenkondlo lolu? Sekela impendulo yakho. (2)

8.2.6 Iqonde ukuthini imbongi estanzeni sokugcina uma ithi: 'Yingoma mtshelekwana'? (2)

8.2.7 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo echaza isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile:
Umfowethu **uselifulathele elakwamhlaba.**

A Useholidini.
B Usebumnandini.
C Useshonile.
D Useyalulama. (1)

8.2.8 Uthini umyalezo wale nkondlo? (2)

8.2.9 Uyavumelana yini nalokhu okushiwo yimbongi emgqeni wama-28? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

8.2.10 Phawula ngomoya oqukethwe yile nkondlo. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

Stanmorephysics.com